

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUGUBHA USUKU LWENGCVLAZI ENDAKA MHLAKA 06 DECEMBER 2015.

Mphathi wohlelo;
Amakhosi aseNdlunkulu akhona;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yeDistrict yasoThukela uKhansela uDudu Mazibuko;
IziMeya zemikhandlu engaphansi koThukela;
Amakhansela wonke;
IziNduna zamaKhosi ezikhona;
Abamele izinhlaka ezahlukene emphakathini;
Izimenywa ezahlukene;
Umphakathi wonke, ngiyanibingelela nonke;

Ngithanda ukuqala ngokubonga bonke abaphumelele kulo mcimbi obaluleke kangaka ohlelwe nguHulumeni wesifundazwe njengelinye lamasu okulwa nokubhebhethaka kwe-HIV ne-AIDS lapho sibandakanya nemiphakathi emazingeni aphansi.

Njengoba sazi sonke, okusempeleni usuku lwe-World Aids Day lugujwa mhlaka 1 December. Kodwa ngenxa yokuthi umgubho kazwelonke ubuwenzelwe lapha KwaZulu-Natal, bekumele njengoHulumeni wesifundazwe sihlanganye nePhini likaMongameli uMnuz Cyril Ramaposa emcimbini obulaphaya ePort Shepstone ngoLwesibili.

Njengoba sihlale senza-ke thina ezingeni likaHulumeni wesifundazwe, sibe sesinquma ukuba lolu suku lomhlaka 6 ngeSonto silusebenzisele ukuphuma singoNgqongqoshe siye kubantu ngohlelo lokuba ngoshampeni ezifundeni zonke.

Siyazi ukuthi kuningi osekushiwo nosekwenziwe kusukela ngalo uLwesibili njengoba nePhini likaMongameli lishilo ukuthi isiqubulo salo nyaka sithi '**Rise, Act, Protect**'.

Lesi qubulo sihlose ukugqugquzela ukuthi njengesizwe kumele sisukume sibhekane nale nselelo, sibe nokuzibophezela nokuzethemba ukuthi ngokubambisana singaphumelela.

Njengomphakathi nanjengomuntu ngamunye, kumele senze okuthile ukusabalalisa ulwazi, ukweseka nokukhuthaza abathintekile kulolu bhubhane. Akukho okuwumnikelo owenziwayo noma owahlobo luni esiwuthatha kancane.

Ngalesi qubulo sithi kumele sizivikele thina uqobo bese sivikela nalabo abaseduze kwethu. Ukuvikelana kuhlangukisa nokwamukelana singacwasani ngenxa yegciwane.

Kusemqoka-ke futhi ukuthi emcimbini onjengalona sibonge umsebenzi owenziwa yizinhlangano ezizimele, izinhlaka zikahulumeni namavolontiya nje azimele emiphakathini, bonke abasebenza ngokungakhathali befundisa abantu nge-HIV.

Umsebenzi wenu omuhle wokukhuthaza abantu ukuba bahlale isimo sabo bese beyamukela imiphumela namhlanje usuyabonakala.

Namhlanje sikhuluma ngokuthi isifundazwe saKwaZulu-Natal sesihambe ibanga elide ekwehliseni ukusuleleka ngegciwane lisuka kumama liya enganeni, kanjalo nokusabalalisa ama-ARV kubantu abaphila ne-HIV ne-AIDS.

Isifundazwe sethu sihlizeka ngemishanguzo yama-ARV kubantu ababalelwa abangaphezulu kuka-1.5 million manje. Sesinabantu asebethile iminyaka eminingi abanye ngaphezulu kwamashumi amabili bephila negciwane le-HIV.

Nokho-ke ngenkathi silibonga leli gxathu eselihanjiwe, kodwa kulokhu kusikhathaza ukuthi baningi abantu abasuleleka ngegciwane, ikakhulukazi intsha engamantombazane.

NePhini likaMongameli likuvezile enkulumweni yalo ukuthi ingaphezulu kuka-2 300 intsha engamantombazane ephakathi kweminyaka engu-15 no-24 ubudala esuleleka nge-HIV njalo ngeviki.

Uma silapha-ke emphakathini waseNdaka nasoThukela jikelele, sithi kumele sisukume sizibophezele ngokuvikela abesifazane bethu ikakhulukazi wona amantombazane.

Siyazi-ke futhi ukuthi ezindaweni zasemakhaya kusenenkinga yokuthi basebaningi abantu abangakakwazi ukufunda nokubhala, okwenza kube nzima ukubafundisa ngezinye izinto.

Kuyavela futhi ukuthi izingane zamantombazane azinayo kahle inkululeko yokuzikhethela ukuthi seziyathanda yini ukuya ocansini noma cha.

Kokunye kucashwa ngamasiko nemikhuba yesintu bese ziphoqwa nokuthi zithandane nabantu abadala abanye asebashonelwa ngamakhosikazi, okungaziwa ukuthi basele bengenalo yini igciwane.

Kuthi noma isize yavuma ukugana ingane kutholakale ukuthi isigana ibhokisi lomgcwabo.

Kuvamile futhi ezindaweni zasemakhaya ukuthi ngenxa yalokhu abathi yindlela yokuhlonipha, abesifazane bazithole becindezeleka bengasakwazi nokutshela abesilisa babo ukuthi makusetshenziswe ijazi lomkhwenyana.

Ngasohlangothini lukaHulumeni-ke kubalulekile ukuthi sikhulume ngalezi zindaba ezinhlakeni zonke.

Yingakho uthola ukuthi ezingeni lesifundazwe kukhona i-Provincial Aids Council (PAC), okuyiyona eyehliselele izinhlelo phansi ezingeni lesifunda nakomasipala bendawo lapho kune-District Aids Council (DAC) ne-Local Aids Council (LAC), bese kuba ne-Ward Aids Council (WAC) ebhekele ukuthi zonke izinhlelo ziyafinyelela kubantu ezigcemeni zabo.

Siyaphinda siyagcizelela emakhanseleni akithi ukuthi mawabonakale phela esukuma eqhuba izinhlelo zokulwa nengculazi. Kungaba kuhle ukuthi lokhu kube ngenye yezinto amakhansela azifakayo manje emibikweni ayethulela imiphakathi ngokuqhubeka kwentuthuko ezindaweni zawo.

NjengoHulumeni siyaqhubeka nokusebenza ngokulandela uhlelo esalwenza olubizwa nge-KZN Provincial Strategic Plan (KZNPSPP).

Lolu hlelo lunombono wokwakha isifundazwe esingenabo abantu abasangenwa i-HIV bese kuthi bonke labo asebethelilelele nabathintekile ngandlela thile, bathole impilo esezingeni elifanele.

UNdunankulu uvezile nasenkulumweni yakhe laphaya emgubhweni kwazwelonke ePort Shepstone, ukuthi maduze nje isifundazwe sizokuba nefemu ekhiqiza ama-ARV okuyinto ezolekelele ukutholakala kalula kwemishanguzo kuphinde kwehlise nezindleko.

Siyathemba futhi ukuthi njengoba siqhubeka nomkhankaso wokusoka owaqalwa yiSilo samaBandla noHulumeni wesifundazwe, sisazolokhu siwubona umehluko.

Kumele sikugcizelele kodwa ukuthi ucwaningo luveza ukuthi ukusoka lokhu kuyawehlisa amathuba okutheleleka ngezifo zocansi, kuhlanganisa ne-HIV, kwabesilisa, hhayi ukuthi kuyawaqeda.

Okusho ukuthi ukuziqaphela kumele kuhlale kukhona njalo uma wenza ucansi.

Siyakholwa-ke ukuthi kuningi-ke okunye esisazokwenza ngokubambisana nezinhlelo esisebenzisana nazo kulezi zinhlelo zokulwa nengculazi.

Sizoqhubeka sisebenze njengoba kuhlale kusijabulisa ukuthi uhlelo lwe-HIV/AIDS Flagship oThukela luthola ukwesekwa kusuka kumasipala, izinhlangano ezizimele kuhlanganisa i-People Living with

HIV/AIDS, abaphila nokukhubazeka, abaholi bezenkolo amaKhosi nabanye abahlale benentshisekelo yokuqonda ngalolu hlelo.

Kodwa engifuna ukukugcizelela kakhulu emphakathini wakithi njengoba sesikhulume kanjena namhlanje, ngukuthi ekugcineni yinina okumele nenze umehluko ezimpilweni zenu ngalesi sifo.

Kubantu abasha sithi kusezandleni zenu ukuthi niyazithatha izinhlelo esiziletha kunina nizisebenzise ukuze nisizakale.

Kubantu abadala, kuzokuba kunina ukuthi nisukume nivikele izingane zenu ngokuthi nibe yingxenye yemikhankaso lapho kufundiswana khona ngalesi sifo.

Lokhu kuzonisiza ekutheni nikhulume into eniyaziyo nokuyiyona nezingane zenu.

Siyafisa ukubona indawo yaseNdaka nasoThukela mhlambe esikhathini esizayo iba ngehamba phambili ngokwehlisa izibalo zengculazi esifundazweni.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngiyafisa-ke ukuba ngithathe leli thuba ngigqugquzele ukuthi njengoba sibheke esikhathini sokuqala imikhankaso yokhetho lohulumeni basekhaya, sengathi ningaziphatha kahle futhi kungabi bikho ohlukumeza omunye ngenxa yokuthi ukhethe enye inhlango.

Uma umuntu ekhethe ukushiya inhlango yakho wakhetha le ephethe uHulumeni ngoba ebona imisebenzi yayo, akumele lowo muntu ajeziswe, kanjalo nabamanye amaqembu kumele bahlonishwe.

Sicela ningasiphoxi, singezwa sekuthiwa kukhona abaphazamise umbuthano wenye inhlango noma sekukhona abavinjiwe bethi babamba imihlango yabo.

Ngigcina ngokuthi sesingene esikhathini samaholide kaKhisimusi kubalulekile ukuba sivuselele onembeza kubantu bakithi ukuze bagweme izingozi zomgwaqo nobugebengu lapho sihlala khona.

Nalapha siyalitshala leli vangeli lokuthi abantu mabake babe nonembeza kuko konke abakwenzayo.

Sengathi singaqaphela ngalesi sikhathi sikaKhisimusi singaziphathi sengathi akuseyophinde kube namanye amaholide. Masijabule sizibheke size sibonane nangonyaka ozayo sisaphephile.

Ngiyabonga